**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesithathu)**

**ISIKHATHI: 2½ Amahora**

**IMIKLOMELO: 120**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B noC.

  Esigabeni A uphendula umbuzo owodwa.

- Kusigaba B uphendula ibe mibili.
- Kusigaba C uphendule owodwa.
- Fundisisa umbuzo ngaphambi kokuba uphendule.
- Izimpendulo maziphawulwe ngendlela efanele.
- Lowo nalowo mbuzo mawube nesihloko esifanele.
- Qala umbuzo omusha ekhasini elisha.


---

## ISIGABA A

### UMBUZO 1
### UMBHALO-BUCIKO


Khetha isihloko *ESISODWA* ubhale indaba igcwale amakhasi *AMABILI* ukuya KWAMATHATHU. Uma ukhethe esinye sezithombe, yipha indaba yakho isihloko.

1.1 Nasi isithombe samaphoyisa elumisa izifiki ngezinja. Bhala ngaso indaba, uyiphe isihloko osithandayo.



**LEZI ngezinye zezithombe ezathusa umhlaba wonke ngesihluku samaphoyisa ayelumisa izifiki ngezinja.**

1.2 Bhala indaba ngalo mfanekiso ongezansi. Yiphe isihloko osithandayo.




1.3 Bhala indaba ngalo mfanekiso ongezansi, uziqambele isihloko.



1.4 Wo! Ukuhamba kuzala induna.

1.5 Ngiyokhohlwa ngifile! **[40]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 2
### IZINDABA EZEDLULISA UMLAYEZO

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale **incwadi** ugcwalise ikhasi ELILODWA vo.

2.1 Umfana enifunda naye udayisela abanye abafundi izidakamizwa esikoleni. Bhalela uThishanhloko umazise ngalesi senzo.

2.2 Incwadi yakho mayibe **ngeyobungani**. Bhalela udadewenu, uveze uvo lwakho ngalaba bafundi abangezansi, enifunda nabo eklasini.



**[20]**

## UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale kugcwale ikhasi ELILODWA vo.

3.1 Ungunobhala wenhlangano yabafundi I COSAS. Beninomhlangano maqondana nokukhuphula isikhwama semali yenhlangano yenu. Bhala AMAMINITHI ALOWO MHLANGANO.

3.2 Bhalela ungqongqoshe woMnyango wezoBuciko namaSiko uphawule ngendlela okuvunulwe ngayo kulo mfanekiso ongezansi.



**[20]**

## UMBUZO 4

Khetha OKUKODWA kwalokhu okulandelayo ubhale ngakho kuphelele ekhasini elilodwa.

4.1 Bhala uhlelo lwakho <u>lokuzazisa</u> (CV).

**NOMA**

4.2 Yakha uhlaka lwesihlanzamagama / isikhahlamezi (Fax) uthumele umlayezo ocacile wesifo. **[10]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [50]**

## ISIGABA C

Phendula umbuzo owodwavo kulesi siqephu

## UMBUZO 5
## UBUCIKO BOMLOMO

***Inkosi Yinkosi Ngabantu* – C.T. Msimang.**

5.1 5.1.1 Buyini ubuciko bomlomo? (2)

5.1.2 Yini umlolozelo? (2)

5.1.3 Zibaluleke ngani izaga? Nikeza okune. (4)

5.1.4 Nikeza izimpawu ezintathu zezisho. (3)

5.1.5 Yini isiphicaphicwano? (2)

5.1.6 Zibaluleke ngani iziphicaphicwano. Shono okuthathu. (6)

5.1.7 Yini inganeko? (2)

5.1.8 Nikeza isibonelo senganeko kule ncwadi. (1)

5.1.9 Siyini isithakazelo? (2)

5.1.10 Ziyini izibongo? (2)

5.1.11 Shono ukuthi nhloboni yesiphicaphicwano lena:

(a) Nginiphicaphica ngabantu bami abamemana babe baningi beyobhukuda. Bathi bangafika emfuleni bathi: Ngeke sibhukude umngani wethu omkhulu engakafiki? (1)

(b) Kuliqiniso yini ukuthi nxa ubamba imbila ngomsila onke amazinyo ayo ayakhumuka? (1)

(c) Nginiphica ngenyoka edla ngomhlubulo, ihlanze ngomhlubulo. (1)

(d) Ngikuphicaphica ngomuntu ohlala ethetha. (1)
**[30]**

**NOMA**

5.2 Hluza lenganekwane ethi “INJA NEKATI” ngaphansi kwalezi zihlokwana:

| | | |
|---|---|---|
| 5.2.1 | Isakhiwo | (12) |
| 5.2.2 | Abalingiswa | (6) |
| 5.2.3 | Isizinda | (6) |
| 5.2.4 | Indikimba / isifundo | (6) |
| | | **[30]** |

**NOMA**

**UMBUZO 6**

**IZINDABA EZIMFUSHANE NAMA ESEYI**
***Umlabalaba* – O.E.H.M. Nxumalo**

6.1 Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela!

> **IMPIMPI**
>
> **NG Sibiya**
>
> Ayiphethe inkulumo yakhe uSokhele. Kuthi woklo ihlombe lokwenanela. Afingqe isibhakela. Aphakamise ingalo. Ampongoloze kakhulu esho lesi siqubulo esifudumalisa igazi. Kudume indlu yonke. Aphinde futhi. Useyajuluka manje, usho kuze kuqhanse imithambo entanyeni.
>
> Aqale iculo. Kusukume wonke umuntu. Kumpongolozwe, kugidwe. Bonke baphakamise izingalo zesokudla. Kufingqwe. Kukhanyela ngisho ingane encane ukuthi bangamudla bamfele ongafika abatshele into engasile.
>
> Kubuye kuhlalwe phansi. Iziphongo sezimfoma izithukuthuku. Kuthule-ke. Usehlezi noSokhele. Kusukume umphathisihlalo. Abonge kuSokhele ngenkulumo yakhe evula amehlo. Ngokubona kwakhe sekuyilo ithuba lokuba kudedelwe labo abanemibuzo nabafuna ukwenza iziphakamiso baphawule nokuthile.

6.1.1 Ngokuzwa kwakho indaba, nhloboni yomhlangano obanjwe lapha? Usho ngani? (4)

6.1.2 Wawuthini umbuzo owabuzwa nguKhumbulani? (2)

6.1.3 Umbhali wale ndaba uyinikeze isihloko esithi “IMPIMPI”. Ngabe yini isizathu salokho? (2)

6.1.4 Ingabe yiqiniso yini ukuthi uXolani uyimpimpi? Usho ngani. (3)

6.1.5 Chaza ukuthi wajeziswa kanjani uXolani. (4)
**[15]**

**Isiqeshana: B**

> Ngempela kwakungabanjani ukuba wonke umuntu wayengenazo izinwele. Wena ndoda, nkosikazi, nsizwa, ntombi, ngane ngokufanayo nje. Kuwo wonke umuntu ikhanda leli kube yimbungculu nje wena owabona ingengelezi yomshashadu. Kungenjalo leli hlathi eligubuzele ikhanda lembathe umzimba wonke. Bese kuthi kopoloti amehlo, umlomo, ikhala nezindlebe. Umuntu ajike afane nabakwaMfene.
>
> Noma singazi-ke kepha sengathi isimo esinjena sasingeke sibukeke. Umuntu esencintisana nabakwaMfene. Bahle abakwaMfene uma ubabuka bebodwa nje. Ehhe, bezihambela beqholosha bheka, bekhuza isaga sika- 'Nohha'! Nakho nje ukuba abantu babeyizimbungculu kwakungebe kuhle. Umuntu kwakungasuke kumcabangise wonke amagquma nezintaba owake wazibona zammangalisa kumbeke zamhlaba umxhwele. Kwesinye isikhathi kwakungase bungehli nobuthongo.

6.1.6 Sithini isihloko sale-eseyi? (1)

6.1.7 Shono amagama amabili ababizwa ngawo labo abangasenazinwele. (2)

6.1.8 Shono umsebenzi omkhulu owenziwa yizinwele kubanikazi. (2)

6.1.9 Chaza kafushane ukuthi zinjani izinwele zalaba abazibiza ngamarasta. (2)

6.1.10 Yiziphi izindlela ezimbili ozaziyo zokulungisa izinwele? (2)

6.1.11 Umbhali uthi kufanele sizibonge izangoma? Yini isizathu salokho? (3)

6.1.12 Ukuvula indlela ekhanda kwakuwuphawu oluthile kudala. Ngabe kwakuwuphawu lwani? (2)

6.1.13 Umlobi uyakuncoma ukulungiswa kwezinwele, yini lena angayithandi noma ayigxekayo? (1)

**[15]**

**[30]**

**NOMA**

6.2 Hluza lendaba emfishane ethi "Isikhala Sokufundela ubuthishela" ngaphansi kwalezi zihlokwana:

(a) Isigameko esisodwa. (10)
(b) Ukuqoqana. (5)
(c) Isikhathi nendawo. (5)
(d) Abalingiswa. (5)
(e) Isiphetho. (5)

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [30]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 120**

**ISIPHETHO**